Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879.

UKUQALA KOKUHLUPEKA.

Ite ifike inkosi yase ifikela pezu kwalezo'zivavili zokuzondana okungalo pakati kwabantu bayo.

IV. Loku pela kwabe kute nna uSir Garnet Wolseley ayitate inkosi eseyiy'isa eKipi wamisa abanumzana esikundheni sayo (1) Zibhebhu ka Mapita wakwa Mandhlakazi, no (2) Somkele kaMalanda wakwa Mkwanazi kwa Mpukunyoni; no (3) Sokwetshata kaMlandela wakwa Mtetwa; no (4) Mgitshwa kaMvundhlana wakwa Biyela; no (5) F ku kaZioingo wakwa Ntombela; no (6) Swunguza kaSilwane wakwa Mpungose; no (7) Mfanawendhlela kaTonga kaManzini wakwa Zungu (kwabe ebntanda ngokuti omp ubukosi et ho nangomlomo eti "Uto esalwamukwa silutandla." Mu ye umnumzana owabala ebunikwa ubu esi uMayamana kaNgqenge ele, owati "Bebabnkulu o ami ubukosi ebengi nabo kwZulu, lobu obenu enigingika bona angibotandi." Kepa abanye kulawa akosi abekiweyo babe babi i pela, bazama ukungqubela abantu ba nbo babapate kabi sebehlala ng bo kubel ngu, ati angati cweke umuntu eza lapa esilungwini bamvukele, oSiwunguza kaSilwane no Sokwetshata kaMlandela, ati ngetonywa nguZulu nkuba azocela ukuba kubuyiswe inkosi babe sebepuma ebukosini obumnandi kangaka! Kepa noma babenjalo abaiye owab'emzonda kakulu yena uSokwetshata kaMlandela, waza waxabana nenkosazana uBatonyile owelama uMbayazwe noMkungo, owendselwa kuSokwetshata ngu Cetshwayo emveni kwokuqoduka kwenkos'enkulu y kwNodwengu. Kwaza kwaba buhlungu kuMntwana wenkosi ezwa umyenwake edhlala ngoMnewabo ingat wabotshwa ngabelungu engenacala ngaloko wbhukuna uBatonyile noSokwetshata, wagoduka waya kuzibuselekaya kubo kwZulu.

Engikubabazayo yiloku, ukuba abakwenyana bazonde bangamtand nakaccane umlámu wabo, loku pelkutiwa "pmamu kalali emnyango." Ngitsho loku nje ngipete yena uSokwetshata umveni kaBatonyile, noMgojana kaSomapunga wakwa Ndwandwe owatata uMbhixabhix ow lama yona inkosi endhlini kwabo, noMatshana ka Mondise wakwa Sitole, owatata uBkiwe owabe efungwa iyo inkosi. Umuntu ubona qede ati lapa ee indhlati "kanti ukutatana kwase ndhlunkulu loku kwLanga akuleta isisiyini?" ngoba nabo abayeni laba babe ngam kosi ngokwabo bezalwa ngamakosi nabo. Nayo inkosi yabe yendisela oddewabo kulaba banumzana abakulu nje ihlanganisiswa is hlobo uba bayitande kakulu sebehlezi nao dadewabo. Kanti qi kwati ukusukwabanga is'sila esikulu loko esegcina ngok ba bayizonde kunazo zonke izikulu zakwa Zulu.

Bobatatu laba babesekele umtakati owabalala izwe lakwZulu uZibebhu ka Mapita, bebulala abantu nabo njengaye.

USOMTSEU WAYIBUYISELA INKOSI.

SEKUZA UKUHLUPEKA OKULANDELA OKUNGAPAMBILI.

V. Wayibuyisela-ke uSomtseu inkosi ngezwi lika Kwini. Wafika wabeka elokuti yonke impahla eseyonakala ngokudhliwa ngabanumzana laba abakade bepete seyabola aiseko maingabizwa. Yiko loko okwatakutelisa uZulu, kwabonnula impala bakuluma baqotula, lapo kokona oHemulana kaMbangezeli wakwa Sihiya, owasola wakombisa uSomtseu yonke imikuba emibi abe yanziwa kubo ngabanumzane abakade bepete, edhla yonke impahla yenkosi ekubantu. ukuba pel ingabnyi ngeni impahla epangwe ngohlobo olunjena? Yona inkosi nyibnyase nje uSomtseu ukuba fike idhleni loku seyapuxe konke okwayona? Wapendula kubo oka Sonzica ngamazwi amahle okululisa. Kodwa uZibhebhu yena, owabe etembeka kangaka enkosini kabanga esavela noknvela, ngenegabano yake abe esenayo ngaku Ndabako noSotu. Yiko loko-ke okwavisa uSotu lonke ukuba lutukutele lohlasele knye. Nitsho ngayo yona leyo ke yasa Msebe, eyahloma ngokunyenya isifikile inkosi, kayaze yatshelwa, yafihlelwa yaze yezwa inkosi isikade ihambile impi; yati noma seituma izigijimi zaza zayifunyana pakati kwezwe lakwa Mandhlakazi azabe ziesiza luto. Kanti uZibhebhu uzafike ayiqotule yonke leyompi enkulu kangakaya. Inkosi yatukutela impala ngaleyondaba, yatukutelela umfo wabo uNdabako kanye nezinduna ezazipete impi yoSotu.

VI. Wabotanake uZulu ezobona inkosi yakubo ifikile ipuma kude kade itunjwe izizwe seziyibnyisile. Kwabutana zonke izikulu zezwe lakwZulu nezipuma kude nezwe. Kwasokufika amaNxusa amabi i ezekubika kuSobantu Ekakanyeni ukuti inkosi isibuyisiwe. Wabonga naye uSobantu, wati, "Ngiyakufika ebasika ukuza kubona umntanami. Kodwa anohlola niqapele kahle nifane namadoda nikumbule ukuti laho ababeyibulala inkosi abaviknyeka ukulinga ukwenza loko abehluleke bekwenza. Anozibhekela nani, nikumbule ukuti nenyoni iyasakela isidhleke sayo.

(Isaqutshwa)

Somkele lerewadi evela kuMr. Msane ati enye uyitumele ku "Bantu Batho.

Ipepa l'Abantu-Batho noMr Saul Msane

(Ku Mhleli wa "Abantu-Batho.")

Mngane,—Uyabona mfo wa "Abantu Batho" uboti utipata igama lami ube usuzimisele ukuti izincwadi zami engiziqondise kuwena uzozifaka zonke epepeni lako.

Nangapambiliwa susa isidumo ngegama ami samanga owaqondayo nawe ukuti watshela izwe amanga. Ngite luma sengikumemela ohala (challenge) ngiti as pendulane ohala kuzwe izwe lonke, uma sengiweneka ohala lamanga owapembe ngami, kwase ku uye kuwena ohalekayo (Isuvalela izincwadi zami epepeni lako, usuti ro usho izincwadi zami azizwakali yimfu ngumfungu nje anizi kuz faka epepeni lenu; nemalake nakwenza loko Pepa ku elenu umuntu wayeza kwenza njani? Ngiti ke ungacbanyi ut uzaku ba seloko uzenza iqiyana. Eskiti iti, "Akuqili lizikota emhlane" muntu wetu.

Incwadi yako ka 24th April 1919 eti "Izenzo zikaMr. Saul Msane" uyivala ngalamazwi 'Nxasibhala lamazwi esizo wakuluma kuzoba sengati siliqondile ikehla elinguMr. Saul Msane." Ngiti ke mina, musa nokulinga ukukohlisa uti "kuzoba sengati simzondile uMsane". Vela nje ohala uti umuntu esimzonda kati lapa emhlabani likehla uMr. Saul Msane Inzondo yenu ya bhalasa yabasobala epepeni lenu like 4th July 1918 Nokuswela kwenu inhonipo kumuntu ongangami nongumzali wenu kwaba sobala.

Cetshwayo! noma nizisekona emhlabeni kungoba nihlangene nengwangwaqa yoMnguni ong dhlinhlanzi.

Nazoke Ndhlu emnyama iz ta ezine nzondo kuMsane. Seziqalile ukun funza amanga azo emhlal!!!

Inhlangano le yamaZulu elapa eGoli ngiilungu layo ngempela angihlonizi ngaloko, nginegugu impela ngaloko. Kodwa ke namuhla angizi kungena ekuxoxeni ngenhlangano leyo. Ngizakupaula nje inhloko zemanga ezikulu nywa yilabahafo ba "kaBantu Batho."

Inhlangano le yaqanjwa ngamaqawe akiti, angifunike ukuba lawo maqawe sdhiwe iziqu zawo zinikwe mina njengoba enza njalo u "Bantu Batho" eti yaqanjwa yimina. Kwamenywa umhlangano wam Zulu onke nje, ngaya nami ngoba ngi uZulu. Amanga ukuti ngecela ukuba bangikete ngite linxusa labo abalituma eMgungundhlovu, ngenzela ukuze ngiketwe ngibe linxusa elitunywa eNgilauda. Kwahamba ivoti emhlanganweni wamaZulu, ivoti latumina ukuba ngise izwi lato ekaya. Nganikwa uMr. Zulu ukuba sihambe naye.

Ake niyibukisise kahle bakiti inzondo nomona w lahabantu. Bati ngenza ukuba ngitunywe ngiye emhlanganweni eNatal kona ngiya kuketwa ngibe linxusa lokuya Petsheya Izizi ndhlo zabo ezohuti zodwa.

Ake niboneke futi bati baling ukusixatanisa noDube bati ngiyisita sikaDube. Nishaye pansi ke nemhlanje, ataku ubuta pakati kwami noDube. Sebe qambe betshilo ningake niwamkele ushevu wato lo abati banidhlisa wona maZulu. Ushiyeni kubona bazidhlele bona uto lwabo.

Ngelizayo ngolandela inhlangano yaseJohannesburg abati yangehlula Ngisakangwa umbuzo wabo ngosheleni lo abangibuza wona. Utike angitini ngosheleni? Leyo kasheleni singayi zwa ngawe.

Mina into engiyaziyo yimpi yami namanye amadoda esasinawo ePitoli ngo 9th July, 1918. Ngahlabana ngaze ngaguqa ngedolo pambi kukaGeneral Botha ngelelo langa ngibika ipango labantu elibangwa ulucane bemali abayikokelwayo. Nencane eyavela yavezwa yimpi yetu yalela langa. Uba na ngoba ujwayele ukuti kubantu kuko na abenzela kona kungeko noluncosewake walwenza lwabonakala. Napmni kukamfi uMr. Moffat kwasina mina lo odukisa abantu ngaye uti abalwe novena muntu ubalwelayo.

Utini? uti ngitini ngamapasi? Konje asinina yini mhla sihizwa ngu Mr. I. B. Mthele uNolhala omkulu weCongress enkulu (S. A N N C.) esihizele eOfisini lake ukuba kulungiswe izindab esivakuziheka pambi kukaGeneral Botha, esati uma siti akukulunywe ngam pasi wala wati uma kungakulunywa indaba yeStrike akuko luto oluzo kulunywa? Bengati kwaze kwaba sebu suku saze sapuma kungenziwanga luto. nina bakwa Abantu Batho?

Pambi kuka General Botha ePitoli ngalwa indaba yamapasi ngencwadi esayiluagisa sisdwa noMr I Bud Mbelle kuloku kulwa kwetu ePitoli ningeko nina nonke. Kwaquzuka nabeleni wepasi lokuhamba wapeliswa. Kwaquzuka ipasi labafazi lapela. Uti ukuze ngibe ngiyayilwa indaba yama pasi angitete ubudhliwa bako nami ngilingise wena! Cel ndoda quba nje nayo leyo oyibonayo ukuti iyona ndhlela. Kodwa soyicela ivutiwe.

Zonke lezi ndaba zase Pitoli wazifihla kubantu suzange uzilobe ngoba ungata ndi ukuba bakubone okuhle engibenzela kona. Ute utata wauti usheleni wepasi nepasi labafazi liqedwe uwena. Ngahleka ngafa mhla ngifunda lokoepepeni lako.

Yimina,
UMabonwa abablawe Abantu Batho,
u SAUL MSANE.

Izingoz yamakaza

WONKE UMUNTU UDINGA UPEPA WOKWELAPA ISIFEBA, NOMPIMPO NAMAPAPA.

Uma amakaza esibadlama singana kekele, eyona ndhlela singasiza ngayo, yikupepela ngaku Peps umuri osanda kwenziwa ngamaKemisi amaNgisi.

Okuyiyona ndaba eqondwe yilapo yikungena nya utinta uqoho lapo kubuhlungu kona, esifubeni noma emapashini.

UPeps yena uqonda kona le, lapo umpefumulo ukona du, lapo kungefi nvelele namupi umuti ongamufuta no'oju. Ungena emapashini uPeps lona kona koti uma ikona indawena embana oshayabhuqe ukufa okuyala umpimbo kubaleka kuti vate uxoshwa uPeps, nezilonda lezo uziqede zonke.

NgaloPeps osiza kangaka ningeqeda umpimbo, namakaza awuti ngci, nezilonda ezituka ziti qi kuqoqoqo, nibuye niziyikele ezifweni ezitatelwa nayo, ezigulini endhlini.

UPeps awunangozi uyingqwele emitini yonke eyelapa umpimbo, amapu, isifuba nezibilini Utengwa vibo bonke abatengisi ngedoshana lika 1s 6d. noma elika 3s 9d. Umutanda ukuhlumala, qondsa kwa:—The Peps Co, 9 Long Street, Cape Town.

Izivuselelo zeGood Friday neEaster, Emngeni

(EKANDABEZINLE.)

Kusuka kuApril 13 20. Lapo kwaqalwa ngezwi elati "Nxa ningapakanyisiwa ngobadonsa bonke beze kimi" ngeSonto imonzo yayipatwe nguMr. Mazi e yamandi. Kwati ngoMsombuluko uMfundisi Nduli waqala kancane ec sisela ukuva ngokuya kukula kwezihlopo zeNkosi Futi akaze azipata yedwa wagexa abesifazane abajwayele izimvuselelo. Kwati ngo lwesiNe watungeleka umlilo lapo kwati kusa kwasekucishe kugcwale indhlu, lapo umfundisi washumayela ngoJudase ngokuti, "Lati iZulu lipambi kwake wala ukungena kulo" wabuye wati "Zinjalo izimo zabantu ezipika amqinso kaNkulunkulu anguJesu, kuye sengati ngaye engazi lwanga lowo muntu Yesukake lapo ingomane, Kwati umfundisi wabe fut emenywa eTafasi si eSililweni wase eshiya eDikoniu uMr. N. Busani wayala ukuba kuze kuzilwe ngolobu Hlanu isidumbu size sahle emtini wesipambano nempela kwabanjalo. Lapo ke amandhla kaNkulunkulu abapezu kwabantu bonke kwaze kwabangeSonto, lapo kwaba sengati bayahlanya. Lapo bati ngabanye bazihlalukuba abasibo yini oJud se pakat kwebandhla? Abambulali yini ngoku mbetela uJesu pakati kwezimpilo zabo? Kwaze kwati nangolwesiTatu yapindela impi yomame (Islilo) lapo kwabamnandi uzwa abantu sebetukululana sebeti kedengiti ungukuti, nomunye lapo ati, qa anginjalo nginje mina ngawe. Kwanakuhle lapa abantu bevulelana izindhliziyo kungeko oti, ngizokumangalela kanti upta kabi igama lami? Baze bepuma ngo 11 p m kungenwe ngo 5p m. behuyisana kwaze kwati ngeSonto baya kotungela lowo mlilo egatyeni eMshazi nakona kwamnandi wajabula kakulu umfundisi e ona ukutusiswa kwebandhla lake. Nzokunye naseTafamasi bayala nje ababeyile bati kwabe kufa abantu nakona emhlanganweni weSililo kwa nenduka abantu abangengapansi kuka 50 nomsebenzi wancomeka kakulu impela umsebenzi waomam Sililo.

Impi yabavusiweyo isijonge ukuzu ngeza amagatya nomfundis wayo ngezimvuselelo.

OGUIAVO.

Into enye engasihlalisile kahle lapa eMgeni uMrs. A. M. Vilakazi ugula kakulu kepa njalo wayekuzona leziz mvuselelo ezimangalisayo waye engo munye wabashumayelikazi ababepete izinkonzo. Sengati iNkosi ingake isetyeleke yena.

IMALI YAMANXUSA.

Ngokunye siyanyakaza lapa ngemali yokuwela yamaNxusa etu ngitsho iNkosi yakiti iyikutalele leyo ndaba uChief Vika benomfundisi wesizwe.

UHLIKIHLE.

Umuntu oshaya iGolf noshaya ibhola ufanele ukwazi ukuti uChamberlain uyapilisa lapo ukutshaza wse kona. Lomuti uyinto nje yokehlikihlwa uma usndhlalile. Zonke izibazi zelapaka njengonyazi, fati welapa utshetshe kunemiti yonke ngokunpindwe kati tu. Ungawutobi yonke indawo.

ngelo nesandhla esilimeleyo.

UKWEPUKA KUVEZA INXEBA ELINKENKETAYO.

UZAM-BUK WELAPA DU.

Kudingeka ukuba amanxeba amanca ne anakekelwe impela njengesikuxoxelwa nguMr. Voster waseCorts Retreat, Matatiele, owake wakoliswa yilo izinyanga ezintatu, esequbula ebuhlungwini obukulu benxeba.

Uti ke lapa, "Iva elangihlaba esihlokweni somunwe wami, elanginangela isilonda esixxayo izinyanga ezintatu." Sonke lesosikati ngeputa emsepenzini isandhla sengisilengise ngelengiso.

Amahola amabili njengimele ingalo yami yavuvukala kanye nesandhla. Inxeba lagubheka layintolomba yomgodi, kwase kuzwakala lminjunju, engenginikanga butongo. Yonke in tana ayenzelanga ndawo.

Ngabamatizatiza sengibona sengati impela umzimba omubi lona owenza nje, kanti sengizautuka sengifunda ngoZam Buk.

Ngati ngesuka lapo nga sengitenga idosha likaZam-Buk, ngati ukuwukat wangiqabulisa ubutongo, nami ngawuzwa ukuti impela ukuti uyangisebenza. Ngati ngetuka uZam-Buk usuwelapwaze wakihliza ubovu ubuhlungu bat totololo. Kwaya ngokuncipa njalo njalo uZam Buk waselapa impela isiqondaemnweni wami.

Lalelani kuMr. Voster, lo osebuyi lapo kung yi lubuyayo, nigadabala ngoZam-Buk. Yekani ukucita imalinitenga imiti engenalusizo, uZam Buk ungahlali ungenaye Utengiswa yonke indawo ngedosha lika 1s. 6d noma elika 3s, 9d., ngabstengisi bonke.

Iminikelo eqondene nesikole sase Waterfall Farm Mission Industrial School. Salisbury, Rhodesia.

OHLANGE INSTITUTION, Phoenix.

Mr. C. L. Dube 2/6, Mr. N. Lutuli, 2/6, Mr. M H Morgan 2/6;

AMANZIMTOTI INSTITUTIO

The Revd. W. C. Atkins 10/-, the Revd. H. A. Stock 7/6, Mr. E. T Thompson £1 1, Misses A. E. Frost 7/- E N. Royston 10/- K Fowler 2/6 E M. Le Roy 4/, A Wellwisher 2/ F M. Cele 5/, E Dhladhla 2/ Constance Kumalo 2/, Mr. and Mrs G. M. Sivetye £1, Mr. F. M Mzonel 10/-, Mr. F. H. Kumalo 3/6, Mr. A C le 2/6, Mr. L. Elliot 2/6, Mr. E Vilakazi 2/, Mr. J. Kwela 6d.

ABAFANA BECOLLEGE.

Messrs C J. Mpanza 1/-, C. J. Maize 1/, Dinan 1/-. Frank Lutuli 6d, Franklin Kuzwayo 6d, D nga Zama 6d, Master Imisane Kuzwayo 1d; Mr. S. Cele 1/-, Master F. Masuku 1d, Mr, E. Sinewe 6d, Master D. Mtimkulu 6d., Messrs. David Mbambo 6d, Alfred Makanya 3d Jel Gobe 6d, Mabunde 1/, S Mashiqolo 1/, Conrad Zungu 1/, S. Mrumbi 1/, Adams Makanya 3d, Phillemon Corsters 1d, Titus Makaye 6d Ephraim Mngadi 3d, Fred Dhlamini 1d, Amos Dhlamini 1/

ABASESTANGER.

Mr. Edwin Sosibo 10/, Mr. H L C 5/, Mr. J. Mtetwa 5/, Nason Gumed 3d. F. Gumede 2/6, Simon Ndhlovu 1/, Joshua Gcabashe 1/-. W. Mzimela 1/- J. B Gumede 1/, Eliphas Mhlongo 1/- Jeremish Maize 1/, Tokozani Smamane 6d, Mrs. Martha Wangaqa 2/-, Leigh Manqele 1d, Malcom Manqele 1d, Sabina Manqele 1d, Kenneth Manqele 1d, Eltanor Manqele 1d, Michael Manqele 1d, Caroline Manqele 1d., Mrs Martha Mtetwa 1/ Nitta Bokosini 1/ Mrs Sarah 1/, Elizabeth Ncube 6d, Rselina Ngema 6d., Mrs. Churtin Mzimela 6d, Ellimon bo 6d. Miss Margret Matewa / Ethel Nyokana 6d., Nok dinvo Smamane 6d., Fangile Njapa 3d Vellem Nshlela 6d., Mbuta Gumbi 6d, Roda Ndhlovu 3d., M. Simamane 1/-, S. S. Ndhlovu 2/- Philemon Mtetwa 2d., Sipepo Mtetwa 3d, Simon Gumede 3d, Jim Ndhlelani 1d., Fanise Ngema 2d., Zebulon Zihali 2d. Charlie Bahoma 3d.; Mrs Philemon Msweli 6d. Mr. Philimon Mswelí 6d., Mrs. Ndhlovu 6d., Mrs. Annie Ndhlovu 6d.

Fzase Fafa.

Besino Mr. Abraham Z. Twala ngeSonto, 27.4.19. Upate inkonzo esizwa uMr. Geo. Kumalo Usipakele okumnandi kwakoMoya. Amazwi ake amnandi ati—uSatane owavetiwa Israeli yokukanya ekuqaleni singasho ukuti umfana ngoba unamandhla amakulu angase ashumayele kushayane izintaba. Asiqapele ukuba sikolwa ngokutokozisa uTixo Yini ngoba noSatane uyakolwa. Ukukolwa kwake kukulu engangoba ukolwa aze aqqazele Wati ke. Bhekani ingabe nawe muAfrica seqokolwa njengoSatane seuqaqazela kanye naye nokuhlabelela kwakona konke nokutandaza osoku bangela uTixo umsindo Qapheni ke uSatane ukolwa aqaqazele" Emva kwenkonzo ke walanda indaba yake abamba ngayo; aike noko wacoshacosha.

Ifafa selizokwakelwa indhlu enkulu yesikole. Umfundisi Abraham uzoyehlangene namadoda omuzi ukukombisiza.

o o o

Ushangile umfo kaDavid, uChief nomfo kaMswabulele uMr. J. Cele ngezokuwela kwamaNxusa. Baqoqa kuhlakazeka. Kuhlakazwa yini bo!

o o o

Sengati uMr. E. Mngadi, utisha omkulu waseMhlangamkulu School, Ifafa M. S. songati uyonamele le yaseMalangeni. UMr. P. Nhlapo ongutisha omkulu weIfafa School songati katandi kakuhle.

o o o

Esongati umuzi kaMfushane (G. Gerund) uyamuka efafa. Baugxule ngokuti abelungu.

o o o

Sike sabona uMr. Josiah Cele noma koti wake uMiss Tryphena Zama ngam holide. Nanso intando mfana ka Maputuma. Bhasoba.

Umuti wamandhla ongabilile.

Ukupelelwa amandhla akusifo sasito sinye somzimba kepa kuba kuwo wonke umzimba. Kuyingozi ngoba kwehlisa amandhla omzimba okuvika ukufa.

Inxa upelelwa amandhla kulandelasifo esinamandhla umuntu uyepuzakululama, amandhla angabuyeli njengoba kufanele. Uma umuntu kade eguliswa yiGrip uvama ukupelelwa amandhla, okuhlala iziyanga ezitile.

Wonke umuntu uyabona ukuti umuntu wokupelelwa amandhla ngukwaka igazi ngoba igazi lihamba kuwo wonke umzimba, inxa sekungcono lona kuwakala kuwo wonke umzimba. Indabilele ekubeni kuye wonke ogulayo atoleuto oluzonotisa igazi.

AmaPink Pills kaDr. Williams afane e abantu abaningi ngoba awanaluto olubilile al'aka ngoqobo igazi aqinise mizwa. AmaPink Pills kaDr. Williams yasiza kubantwana abasakulayo nkwabadala besilisa nesifazane abamswa yabo ikandhlekile. Adinga ukutengwa uqoho nguye wonke onemizwa mutakataka negazi elilula.

Umtengisi wakini uyatengisa ngam Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams Medicine Co, Long Street, Cape Town, ngo3s 3d ngegabha noma ngasitupa ngo18s. iposi ungalikokeli.

Otakazela Bhola.

Ngiyatokoza kakulu ukubona umhlalo webhola uqubekela pambili. Ngike ngaxoxa nomnomzane opete oludaba lwemidhlalo yebhola uMr Evans odume ngokutiwa uMangqaKuko konke ukukuluma kwake nokuambisa imidhlalo kubonakalisa ukuba yena ngoqo waye ngumdhlali.

Into enkulu ukutalele ukuba kuhlalwe kahle ngendhlela kupele ukuhlala okulukuni kwobuwula nokuzati abantu besut'uhlezima. Usenze Referee abateba abapumelele ukuhlowa, abazi ngomdhlalo. Loko kuyaskole esipambili kubantu. Usenzimidhlalo lapa ogwini ibukeke, ihlupeke. Us qede nenkani yokupika zinto ngabomu (Protests.) Usefingqesikati semidhlalo ukuba kupelekuse kuhle, ngesikati sabo bonke abantu abakanyisiweyo. Nonyaka njekunuka santungwana songatiti usebelelisibhakabhaka senkomitshi kuKopeletsheni waseTekwini ezodhlalelwa imizi (Intertown Cup.) (Ngiyameba njeuMangaqa katshongo ukoba angilobe loku.) Kepa, sitole izolida kasidingeiliponse ezindibilishini fana libe nnyama lingaci. Ungena ngomoyomuhle emidhlalweni yokusiza abantu Ungamfica ngeMigqihelo nangezi suko abanye abelungu base Park nasemjarweni yena emba ngepiki nangefabolo lingisiela abadhlali balapa eDurban. Pohi singembonge ngoniz Qabeka nnumzane nsizze, nsengele okunozono noma sibaka kalufifi mhlanube sixtbonga m sinyane.

Setembe ukuba ngapa dhe kwaFootball abantu baseNatal bozebafunde neCricket. Sebe yatoba ngakwiTenni noma iTeku labuye lahehla nje. Imidhlalo iyisikole esihle kakulu sokulunga, nobudodo, nenhlonipo nokuzitiba.

Angikaboni iningi lalaba abanye oReferee abatsha kepa lantsi wa eyama ukuza ngapa kuOhlange. Ce arre engiti uMr Ezra Mdhlose, ingaReferee impel weqniso, fati nywazi umdhlalo ngokupelele, akanohlengo Sengati banganda abanjengaye oReferee. Futi sengati zonke izindawo zingabikakohle ngoReferee bozo njengalentsizwa.

Yimi owenu,
CHAS L. DUBE

INGOZI INGEHLAKALA.

Into engenakwenzeka ukuyimbaba inozi, kodwa kuneganzeka ukuhlale nyilungele. Idosha na lo Chamberlain lingeze laze liqede imali Una nnegabha lika Chamberlain mapile. Utengwa yonke indawo.

U Mr Saul Msane.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Mhleli, – Kwipepa laseJohannesburg "Abantu Batho" ka April 24th umzwi oMhleli (leading article) esiZulu ukube namazwi abuhlungu, ngesenzosikaKehla (Mr. Saul Msane) sokwalukanisa uZulu oseGoli neCongress yaseTransvaal (T. N C.) Nzokuhlulela abantu baseNatal & Zululand kwaTransvaal Congress, kakulu ngelesi sikati esini kangaka fitesi ahuqi kumuntu wonke omunyama Lamazwi atanyelwe nazu Bantu Batho. [MHL. IL.]

Mhleli (Abantu Batho) ake ubheke kahle nokuba uMr. uSaul Msane unecala ngempela yini? Noma ukona veronecala kakulu ngapezu kukaMr. Saul Msane.

Tina esiseNatal, sihona ukuba ukona yena onecala ngapezu kukaMr. Saul Msane, kupelanje uMr. Saul Msane, kangoba engase nasitunzi lapa eGoli kangakoke yonke insolo ifekwa pezu kwake. Konke okwaliwa ngananye kubuyiselwa kuMr. Saul Msane.

UPresident Makgatho utulepina. Njengoba ey President ye S. A. N. N. Congress fite eyiPresident ye T. N. C. yena usola bani?

Niti izwe lovama ukuba zonke izinto (amacala nezinsolo) zijonke kunor kuwe "Bantu Batho"? Inisala kuyini nje enidala lenombango nezalukano (Bantu Batho?)

Nitini ngokuketwa kuk Chief Stephen Mini no J T. Gumede? kanye noMesars R. V. Selope Thema noLevi T. Mvabaza Bapi oThema, Mvabaza? Kawela kanjani bona? Bapi oChief Mini noMr. Gumede? Basule kanjani?

Pambi kokusola uMr Saul Msane ake nikangise loko ukuba abani owenzalombango nezenhlukano?

Seloku kwasukela kwiNhlangano ka 16th December 1918, Nahlwanyela le mbeu emilayo.

Yimi,
C. BARLEN DHLAMINI
Emu tengweni.

Obazeya.

NGOKUKISHWA KWAMAGRANT EZIKOLENI ZABANTU.

(NGU I. S MABASO.)

Ngingaba nokujabula uma uMhleli nabafundi beLanga bengenesizathu sokunvicazela ngendhlela yokukishwa kwamaGrant ukuti kuttabasekuesingakanani imali ikishwe bemfundo emva kokuba em Returns erzwe tunyelwa.

Ozokuqala nombha sebemfundo (Education Department) kuke KwetkaMarch bashesha ati em Returns akenziwe zingu 14 kuMarch 1919. ngoba iGovernment Financial year pela ngo March 31, 1919

Okwesibili ngingatanda ukwazi ukuti anti uHulumeni ngokushesha ukwenza maReturn usube engagondile vinukuba otsha nasheshe batole amaholabo na?

Okwesitatu ngibhala nje Mhleli nabafundi beLanga ngesize sokuba Gardensville nase Jubilee abakaholepa sekupele inyanga amaReturns shomba alezikole.

Okwesine ngiti kungaba ukuhlakana ukuba amadoda afune isipowo lakangakona.

Okokugcina ngitemba abaningi ayongivumela ukuti konke abantu bhola ngamaKwetu omangenya yatenga belinganisela izikati abahola ngazo, kepa uma sekunje kutenza angatemeki kulabo abasizana nabo.

ISAZISO SAKOMKULU U KWABESIFAZANE.

UMSEBENZI WABESIFAZANE ABANGONTSE ESIFUNDEI SASENKWERIGHTON, ELOKISHENI YABANTU EPORT ELIZABETH.

Abafuna ukuba basebenze oNurse mabalobele kulendawo engasenh, ekishwe uMnyango wezeNdaba zabantu, imali baholelwe u£48 ngonyaka bahuye banikwe nesihle nje izingobozoNurse ezi izi u£6 ngonyaka, pezu kwaloko bahuye banikwa u£3 wokutelela indhlu yokulala nokudhla Abasebenzi badinga ukuzilungisela ihlale eNew Brighton Location Reserve basebenze sonke isikati, basisebenzele uHulumeni. Ukuketwa kuyaupela ngokwazisa isikati senyanga nxozombili. Akuko mali yePension nalapo esepumile nelungelo lokuti unesikundhla emsebenzini wakwaHulumeni.

Abayakubhalela kulendawo mboqepa ukusho ukuba bafuna nesikati sokuba awosebenza ngaso lomsebenzi kanye nezinewadi zesimo sonuntu, nokuti injani impilo yake, bangepuzi ukulobela, balobe lungakafiki usuku lukaJune ngomhla wamashumi amatatu (June 30th, 1919)

Oyakukwamkelwa kodinaka ukuba alunge apelele njengesikati ayautshenwa ngaso.

G. A. GODLEY,
Secretary for Native Affairs.
Native Affairs Department,
Union Buildings
23rd April, 1919.

Ezase Driefontein.

(Ngu JUBA)

Kuhemzeka ezo uti umfundisi Jno. Mfongqo uyagoduka kulo yaka. Wovela ngapi oyofana nenjitimali yasemaNzotweni madoda?

o o o

NguMr. A. J. Mndaweni oshiyele uMiss R L Mtimkulu isikundhla sotutshele esikoleni saseDriefontein. Sindaba ipi tsehle Mdunekwe, ngo ezitukulu zodwa kuwe.

o o o

NguMiss R. M. Kambula ohambele ewakwabo emzinyati. Sikalela iGuild zakwa Parkeani nje, ngokuposa omunye wmalungu ava.

o o o

Izenze mnye nonokulilima umninisu'emnatisa kanti alinangubo, lyitola kona kuye lo elimlumayo. Nango zimAfrica.

o o o

Yati indoda ebandhla "Umuntu kafundelwa!" Ngitona lodaba abanye sengati bayalipakamisa lelo; kepa zenzo zini "Umuntu kafundelwa neze" Iyakutuma lendoda yaseKoloni.

o o o

Nzumfo kaNyembezi omncane oke washum yela umunyano eNkntu. Wo, basizakala omame ngabatababo!

Yeo ke kati ngapa ngakuto sezigaga ngezandhla—zi!

o o o

Ushade le uKopolo waseMcambiti; ushade nertombi yaMasimanga yalapa siti. Zuhe tina ezigana malutu. Wande ntom i kababa u'ete ababingi.

o o o

Amatishela lapa seboshwa imali yawo asikfi i' ale'ungu kafasile nayo. Uti yepumelele nje loku salapo ebala kona sebewfundmali gama dha? Zodeziyenga dhlaelela mhala Mhumane uHulumeni usebaneele, poor fellows.

o o o

Bati ngepa inkuzi ike yatimula kabana impela, noko ayabalimziza kakulu abafana abaloku leyigoremba itolele nje. Kdwa abafana laba bana nemandu. Konje bhoreto yezi Mnewama hamanje, hai!

o o o

"Ngifunde emin ngizobati, ngibati! Ha, wezami wendedes? Yuiyazi y? Hi infundo kaMuntu nacha ihala emehlen, ecasneke ngayo yo inganeehoko vespetsi nje! Infundo iyezto, yehlonip, iyeka y emehweni! Umuntu fudelwa to!!

o o o

Ngu Miss E I Tshabalala obeyakashele kwaRev Nzewo, kanti uMr M. Tshabalala uleseWeschonk. Hlupu, hlepu, ebusika!

Ukulahlwa kwaNaPasi eGoli.

Ngiyatemba ukuba abaningi bezwa ngendaba ukuba abantu bawahlile amPass kwaseGoli. Minabe ngigomuye waba wahlanga 30 kuMarch emhlangaweni ovavuse Vredendorp neSonto. Siwa fika ngalevomnitina. NgoMsombuluko sisePass Office La sa elinye ilanga ahlanganamne vezwe ngolwesiBili sisiseVredendorp konke imini, silindile abantu ukuba yawelete amapasi lapo, kodwa abafika nga; kwaba vitha abavi hamayo nihlangano kupela. Kwakiwa ceboona lapo emhlangweni ukuba sokishwe simne kanye nabafana bonhlamba bahaceleli ngozi uma ingabavelelo, nokuba balande amapasi umuntu lobo abangavumi nawo. Nempela kwaniolo kwona ucufika nje, eFordsburg am povisa abash va nezigwayi kude kude eChrge Office, a kwanal ndelayo kwabe nje lo. Ngolwesitatu asihlomlele am Bhanu as-Vredendorp adhlala abantu ngama yovovo akwandasa zluto. Izwi lamalihunu ilali, ati umuntu ozisindipasi wolipata kuze kufi elapo kupela kona. Kfela insi tin epele lapo eTransvaal Free State Indawo ofika vezwe. Mhleli ile am Polasnaoo Nqqwi lo uvipata kutwa bavabeka izwi amaBhanu dwa atata izindaba zentu ezokuyise ukuba bazenzele ngozo kumantu. Enkantolo wona amapovisa agekeze abafazi izinzozi emakanda ati uma ebatyaya, niti izwe elenu likona yini izwe leKufela? Abase sihogweni bapila nzono kunomuntu omnyama kwaseTransvaal nelase Free State udivulwa nesahmi nap ndhle kessa ztu kunaiwdabazat. Keze kufike otini lahleli isitya soku ngcola asikagewali

Yimi.
Wm G. CHASNXUMALO.

[illegible]

Ifa sihi bokwachiela ka Chamberlain litengiswa ngobetapitapa kunayo onke emingo imiti yokukwahlele;

Qapa

indawo